



**health**

Department:  
Health  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# CATHERINE BOOTH HOSPITAL

KwaKhoza Reserve , Umlalazi Municipality ward 15

P/Bag x 105 , Amatikulu 3801

Tel: 035 474 8407 Fax: 035 474 7694 Email: Nompilo.Mvubu@kznhealth.gov.za


[www.kznhealth.gov.za](http://www.kznhealth.gov.za)

## JULY—SEPTEMBER 2016



### INSIDE THIS ISSUE

Yazi kabanzi ngesifo sama-Rabbie	02
Umntwana onceliswe ibele akaguli....	03
Women’s Day Celebration	04
Community service at Mvutshini	05
Hand Washing Awareness	05
Heritage Day Celebration	6-7
Commemoration of Mandela Day	08
PRO’s page—Please report any compliments, complaints & suggestions	09
Abasebenzi basemapulazini bahanjiselwa ezempilo emapulazini	10
Ensingweni Clinic support group for mothers and children with disability	10



**COMPILED BY  
NOMPILO XABA—PUBLIC RELATIONS OFFICER**

# UMKHANKASO NGESIFO SAMA RABIE

*U-Nurse Shangase wakwa School Health echazela abafundi base Mehlwana Primary School ababelalele ngokukhulu ukwexwaya*



**Ngenyanga ka September Isibhedlela I—Catherine Booth sibambisene nabomnyango wabahloli bezempilo (Enveronmental Health) bavakashela umphakathi wase Matikulu nezikole ukuqwashisa ngesifo sama- Rabie.**



**Abafundi baseSiphezi Primary School bebuza imibuzo ngesifo sama Rabie**



**“Uma umuntu elunywe yinja, makaphuthunyiswe esibhedlelaa noma emtholampilo”!!!!**

yindawo enezin-  
ja eziningi ngen-

**Ibonakala nganiinja / imfuyo engenwe isifo sama-Rabie?**

Kuyinto ejwayelekile ukuthi izingane zithande izilwane ikakhulukazi izinja namakati kanti okuyaye kube yinkinga enobungozi ukuthi zidlala ngisho nezinja ezin-gazazi ukuthi ezakuphi. Zona zi-jatshuliswa nje ukuthinta uboya benja okanye besilwane ngoba iyinhle kuzo; nokugcina kubafaka ezingozini zokulunywa yizo izinja lezi ezingaziwa noma zitheleleke ngesifo sama-Rabie noma cha!. Indawo yakwa Khoza (Ematikulu)

xa yokuthi abantu bakhona bakhonze ukuzingela. Ngenxa yalokho, isibhedlela sihlange ne nabahloli bezempilo (Enveronmental Health) bahambela lomphakathi wakwa Khoza begoma izinja baphinde ba-hambela nezikole zendawo oku-balwa kuzo iMehlwana Primary ne Siphezi Primary School ngenhloso yokuqwashisa nokufundisa izingane ngesifo sama Rabie nangezimpawu zaso enjeni ethe-lelekile.

- **Iyaphalaza**
- **Igxaza amathe**
- **Ihambe iluma yonke into**
- **Ihlale ihhonga**
- **Izwi liyashintsha uma ikhonkotha**
- **Ayikwazi ukugwinya kwanga-thi ibindiwe**
- **Ihamba sengathi iyatsheka**
- **Kuba sengathi iphethwe um-khuhlane .**



# UMNTWANA ONCELISWE IBELE AKAGULI!!



Omama bezingane abancelisa abantwana ibele ababephume ngobuningi babo behambele umcimbi woku-khuthaza ukuncelisa ibele ezinganeni. Inyanga ka August yinyanga yabantu besifazane nokuyilapho imbokodo iqwashisa khona omama ngokubaluleka kokuncelisa ibele ezinganeni.

Ngomhlaka 17 ku August 2016 abasebenzi base Maternity bahlanganisa bonke omama abahambela kulesibhedlela sase Matikulu i-Catherine Booth Hospital ngenhloso yokubakhuthaza ngokubaluleka kokuncelisa ibele. Kwaba wusuku olwaba yimpumelelo nolwathokozelwa yibona bonke omama bezingane ngenxa yolwazi abaphuma belutholile futhi bekhuthazana bebodwa; kuyilowo nalowo ebheka izingane ezingontanga yengane yakhe; ziqhudelana ngokondleka kahle kwengane ngenxa yebele. I

Njalo ekuseni omama abeze esibhedlela bayafundiswa futhi bakhuthazwe ngobuhle bebele ekukhuleni nasekondlekeni kahle kwengane. Lolusuku—ke kwakuyilapho sekubonakala khona omama abenza njengezeluleko zabezempilo noma cha!.



**Abahlengikazi base Maternity, omama bezingane nabasebenzi behamba beculula nemibhalo ekhuthaza ukuncelisa ibele.**

## 1ngane enceliswe ibele

1. Ayiguli kalula
2. Ihlala ijabulile
3. Ibele lakha ubudlelwano kumama nengane— ihlala imamatheka uma imbona
4. Llishibhile—awukhokhi mali
5. Liqinisa ubudlelwano kumama nobaba ngoba akudingeki imali yobisi
6. **Yingakho liwu Ngqa phambili!!!!**



# Ixoxwa Ngezithombe Eyembokodo!!!

Women celebrated their day in style... Vintage Wear and "those songs for 1960's"



Uthando olungenamibandela, ukuzethemba, impokophelo yempumelelo; ezinye zezinto ezazikhulunywa zikhunjuzwa abantu besifazane ababehambele lomcimbi.

From the background of women who unitedly (all races and different classes) came out in their numbers showing their strength in unity as from the 1950's women solidarity when they marched against "pass Laws"

The event was of great success and was motivational, a team building exercise to all women of Catherine Booth Hospital. "A strong woman fears no one. Better be **"The Woman of Strength"**



Gone are those days..... Izimfashini zifika zedlule. Ubuhle bakudala bubuye ngezinkani.....





## MVUTSHINI CLINIC RESPONDED BY BRINGING HEALTH SERVICES TO PEOPLE

Mvutshini Clinic with the support of Primary Health Care - (Outreach team) from the hospital took an initiative of bringing health services to one of the churches which had a conference in October for the period of two weeks.



One of church members checking BP

“No matter if a gathering is for what; either wedding, church or any kind of gathering, those people needs health services”. Due to the fact that people in rural areas sometimes are challenged by transport and other necessities, Mvutshini clinic

could not turn their backs from the people who visited the area for church conference without giving them health services while they are also attending their conference. Many people were discovered to have high blood pressure, and diabetes. Most of them were not aware of it but because nurses were screening them for HCT, blood pressure, blood sugar level and other illnesses while they were in church. They were able to

get proper referral and treatments. Church leaders and community thanked and appreciated the initiative for the department for bringing health services to the community.



Church members waiting outside the tent for screening

## UMA UZE ESIBHEDLELA UPHUMA UFUNDE OKUNINGI

“Uma umhlengikazi eqeda ukuthinta isiguli kumele ageze noma afuthe izandla zakhe ukubalekela ukudlulisela amagciwane komunye umuntu olandelayo”

Isikhathi isiningi abantu uma beza esibhedlela beza ngoba begula, befuna ukulashwa lokhu abakuzele. Isibhedlela sona siqinisekisa ukuthi kuhle ukuzivikela kunokwelapha.



Ihhovisi likaSonhlalakahle lichazela abantu ngomsebenzi walo

Yingakho kuyaye kuthi njalo ekuseni ngaphambi kokuqala ukusebenza,

kube khona imizuzu ebalelwa kuma-30 yokufundisa abantu ngezempilo.

Kuyaye kuthathwe nayinoma yisiphi isihlokwana kufundiswe ngazo mayelana nezempilo. Abaningi sebeyavama ukufika ekuseni hhayi ngoba bezobamba ulayini oya kudo-kotela kuphela kodwa benzela nokufunda okuthile mayelana nezempilo zabo nokuzivikela ezifweni ezinhlabonhlobo.

## KUBALULEKE NGANI UKUGEZA IZANDLA?

Akapholisanga Maseko uSister Nzuza oqashwe kulesibhedlela njengobhekelele ezenhlazeko, ukutheleleka nokuvikela izifo ezithalelanayo (Infection Prevention and Control). Ngo October

26 nokwakuwusuku lokuqwashisa ngokubaluleka kokugeza izandla, ihhovisi lika Infection Prevention and Control laliphume umkhankaso liqwashisa futhi lifundisa abantu ababeze esibhedlela ngokubaluleka kokugeza izandla. Abantu baphinde bafundiswa nangendlela ephephile yokugeza izandla ngamanzi anensipho futhi eyongayo (Tip Tap) nokuyilapho amanzi afakwa khona esigujini bese kufakwa kancane nensipho imvamisa abekwa ngasendlini encane ukuze

wonke umuntu ophuma khona akhumbule ukugeza izandla.



# HERITAGE DAY CELEBRATION



**“Lelilang’elamanqamu, asambe siyombulala sobulalu Van Damu namhlanje..... “ Kwakuvuka usinga behuba amaculo anje.**

Ngomhlaka 28 September 2016 nokuyinyanga yamagugu esintu, abasebenzi bagubha lolusuku bebungaza amasiko abo ngokwamasiko nangobuzwe babo. Babegqoke imvunulo beqhakambisa amasiko abo. Ingoma, Izisho nezaga kwkuhaywa kube sengathi bavukwa wusinga. Yilapho ke umuntu owayezeveza khona ubuzwe bakhe. Abasebenzi abasebenza kulesisibhedlela abaphuma kwamanye amazwe nabo

Isimo sezulu okwasa ekuseni singathembisi neze nesasinemvula ekuseni asibanqandanga abasenzi ukuba baqhubeke nento yabo, kunalokho laphenyan labalela sengathi liyabona ukuthi labantu abanasikhathi salo, into yabo bayayenza kumnyama kubomvu.

U– Mr Ojo ngonguManager wasePHarmacy, ongowomdabu e-Nigeria wathola ithuba lokuchaza kabanzi ngesiko lakhe nenqubo yaseNigeria.



**Umnu. Mbomboshe owayeyisikhulumi sosuku**



Umnumzane Mbonambi odume ngelika Mbomboshe, nongumsebenzi kulesisibhedlela wayeyisikhulumi sosuku. Kunabantu abangumthombo wolwazi kwezesintu khona ngaphakathi kodwa kwesinye isikhathi bayaye benganikwa ithuba lokuziveza nokucobelela abanye nokudlulisela ulwazi esizukulwaneni esizayo.

Kuningi akuchaza okumayelana nesintu kusukela ingane ikhula ngokwezigaba zabo kuze kube umuntu uba yindoda noma unkosikazi womuzi wakhe.



**Omama nabo babengazibekile phansi, besina bekikiza kunjeyaya!!!**



**UMnu Ojjo owayembethe ezase Nigeria no-wayechaza ngesiko nenqubo yaseGhana**





Babelale-  
le inku-  
lumo  
kanti futhi  
bezitika  
ngokuya  
ethunjini  
nokwaze  
kwasala

Ngemuva komcimbi bonke abantu bebezisholo bona ukuthi sebashoda ngeziponsthi zokulala kwazise kwakufinywa ngendololwane. Ukudla kokundlalela (starters) kwakuwukudla kwesintu, isidlo sasemini, naso kwakuyinyama ephekwe ngesintu ngokwahlukana kwayo ihamba nojeqe, kwakuphiswe ngisho amahewu imbala. Inyama yadliwa yaze yasala.

LOmcimbi waba yinqophamlando lapho abantu babejatshuliswa ukudlela ezinqokweni nokwenza ukuba wonke umuntu aziqhenye ngesiko lakhe.

**Kwa-  
kumnandi  
bethokozela  
inyama  
yogqoko**



# COMMEMORATION OF MANDELA DAY



Catherine Booth Hospital responded positively to the voice of nation where the Nelson Mandela Foundation pleaded all citizens to spare their 67 minutes of their time helping or doing change to the community.



UMaKhumalo nomndeni wakhe ngesikhathi kufika ababesuka esibhedlela

On Friday 22 July 2016, the hospital team visited one family nearby the hospital with food parcels and clothes that were donated by human capitals in the hospitals. The team was lead by Acting CEO, Mrs P.Z. Mbonambi with the assistance of Community Outreach team led by Mrs. S.K. Maphumulo including Community Care Givers. Family was identified as one of the most vulnerable families in the area and is nearby the road.

During the profiling of the household done by Mrs. S.K. Maphumulo, the family is headed by a 43 year old widow staying with her 5 children

and one grandchild in a one room house which was not in a good condition for the family. Looking at the house from the road, one could feel the emotional pain felt by the mother who is all in one in her family. That is the reason why hospital human capitals put hands together to assist the family. The visit to the community was reported to Ward Counselor and Induna as community leaders.

On arrival of the state vehicle to their yard, everyone at home looked wow! And by that time team from the hospital sang the song “Zange Kube Nje Laphekhaya” while tak-

ing groceries and clothes from the cars.

Ezibongela umama uMaKhumalo nongumnimuzi uye wabalula ukuthi izingane zizodla ithambo lenyama namhlanje namanandinandi ezingane kwazise kunezingane ezineminyaka kusukela kwen- gu 2 months, 3 years, 6 years, 14 kanye no 18 years. Usizo aluzukugcina kepha lomndeni usazolekelelwaa nangezinsiza njengoba kukuningi okwabonakala okudinga ukungenelela kweminyango kahulumeni. ***Let us all take action and make everyday a Mandela Day.***





# PUBLIC RELATIONS OFFICER'S CORNER

Ngithanda ukubingelela bonke abafundi baleliphephabhuku ikakhulukazi kubo bonke abasebenzisa isibhedlela sase Salveshe (Catherine Booth Hospital) Kanye nemitholampilo engaphansi kwalesisibhedlela okuyi Mvutshini Clinic, Ensingweni Clinic Kanye ne Gingindlovu Clinic.

Ngibonga futhi ukubambisana okukhona phakathi kwabaphathi besibhedlela Kanye namalungu ebhodi yesibhedlela nebhodi yalowo nalowo mtholampilo. Sikhuthaze nabanye abangamalunga omphakathi ukuba babambe iqhaza ekuthuthukiseni izinga lezempilo, Sisonke Silwe Nezifo, Silwe Nobubha, Sinike Ithemba. Yilowo nayilowo azi ukuthi impilo yakhe isezandleni zakhe futhi avikele nabanye.

Njengoba siya emaphethelweni onyaka, kuningi okuyizimpendulo esizithola kubantu mayelana nezinga / iqophelo lezempilo abalithola esibhedlela nase-mitholampilo yethu. Kuyintokozo kithina ukuthola izincomo, imibono Kanye nezikalazo ezivela kubantu abasebenzisa isikhungo ngoba kusenza ukuba sikhuphule izinga lezokusebenza nokuthi kokuhle okunconywayo sense kahle kakhulu kunakuqala. Ziningi izindlela abantu abangasazisa ngazo ngempatho abayitholile okubalwa kuzo ukuzifikela mathupha uzosibikela esibhedlela, ukushaya ucingo noma ubhale ufake ebhokisini lemibono, izincomo Kanye nezikalazo. Lamabhokisi abekwe ezindaweni

ezahlukahlukene lapho umphakathi uthola usizo khona nasemitholampilo.

Nocwaningo esilwenzayo (Patient Satisfaction Survey) lukhombisa ukuthi abantu bayakuthokozela ukuza kulesisibhedlela. Lokhu kufakazelwa abantu abasuka kwezinye izifunda baqoke ukuza kulesi ngenxa yempatho. Sikhuthaza abantu ukuba basebenzise imitholampilo eseduze nabo uma bedinga usizo lwezempilo. Lokho kushibhile futhi akubalimazi ephaketheni ngenxa yezinto zokuhamba.

**Nompilo H. Xaba**

**Public Relations Officer**

## AKUSHO THINA KUSHO BONA— LEZI NGEZINYE ZEZINCOMO EZIPHUMA EMABHOKISINI



COMPLIMENT? SUGGESTION? COMPLAINT?



Your consumer feedback is appreciated & will help us to improve our services

Ngithanda ukubonga kakhulu ukuthi ngiphume nengane yami iphila lapha esibhedlela e CBH. Amanesi akhona aphantsi kamnandi kakhulu, ayamazi omunye umuntu, ayakwazi ukubekezelela i-patient noma ngabe seyenzeni.....

**Precious Ntuli (Paeds Ward)**

**September 2016**

If ufika bayanakekelana, banothando, bayawuthanda umsebenzi wabo, banovalo uma bekubona ukuthi uyagulelwa

Banothando, nobuntu, bamnene.

**Mhlongo Noluthando (Paeds ward )**

*Baphathi besibhedlela, ngithi angibanke ngigalele ngingamunye weziguli bengilaliswe kulesisibhedlela senu. Ngibonga indlela engiphatheke ngayo, benginozozo lwezilondakodwa ungaphika manje ngibonga umhlenhikazi abengibopha izilonda, angihlanze izilonda ngothando nesineke, engibekezelela. Hhayi mina kuphela kodwa bonke abanezilonda ebenza into efanayo. Ngiyabonga kakhulu lowo ngu: Nurse Ndoe Dlamini*

**From**

**Anonymous (August 2016)**

*Ngithi angidlulise ukubonga kakhulu ngalesisibhedlela l Catherine Booth Hospital ngengane yama u Esethu Ndlovu ngosizo abangenzele lona kuyona; Kusukela e-DPD ngize ewodini kwi staff sasebusuku nesasemin nodokotela,*

*Ngiyabonga kakhulu, Phambili nge Catherine Booth Hospital Phambili*

**From**

**Anonymous (August 2016 )**

*Abahlengikazi bami bangiphethe kahle, uma nginemibuzo, bangiphendula kahle ngendlela efanele, bayakwazi ukukhuluma. Isibhedlela sihlanzekile, izindlu zangasese zihlanzekile. Abahlengikazi bayaxoxa neziguli, cha ngiyabong ngempatho enhle.*

**Nontobeka Vilakazi (Maternity Ward)**

## ABASEBENZI BASEMAPULAZINI BAHANJISELWA USIZO LWEZEMPILO KHONA EMAPULAZINI

Ukuzinikela kwabasebenzi bomnyango osebenza nomphakathi esibhedlela kusize abantu abaningi abangalitholi ithuba lokunakekela izimpilo zabo ngokuya emitholampilo noma ezibhedlela. Lelithimba labasebenzi ngaphansi kwesibhedlela ezaziwa nge Catherine Booth Hospital ( Isibhedlela sase Salveshe) sihambela onke amapulazi an- gaphansi kwemincele yaso; ngenhloso yokuham- bisa usizo lwezempilo kubantu abasebenza khona ngoba bengakwazi ukuya emitholampilo nasezibhedlela.

Usizo abalutholayo lubandakanya ukuhlololwa isifo sofuba (TB), Igciwane lesandulela ngculazi negci- wane laso, izifo ezingomahlalakhona nokunye. Ukuhambela kwabo emapulazini kwenze omkhulu umehluko, kwazise baningi abantu abanezifo ezi- nhlobonhlobo kodwa ababengazi ukuthi banazo nokuthi bebethelelana bodwa bengazi.

Abadinga ukudluliselwa esibhedlela ngenxa yezimo ezithile bona badluliselwa khona njengokwezid- ingo zabo.

### SAVE WATER PLEASE!!!



Inkinga yokushoda kwamanzi ezweni akuy- ona inkinga kaHulumeni nje yedwa kodwa wonke umuntu kumele ukuba abambe iqhaza ekongeni amanzi.

### ENSINGWENI CLINIC SUPPORT GROUP FOR MOTHERS OF CHILDREN AND CHILDREN LIV- ING WITH DISSABILITY

**Accept me for who I am and love me for who I am.**

Mothers and guardians of children living with disability and chronic illnesses expressed their sincere gratitude to all Ensingweni Clinic staff for their positive and caring attitude towards them, despite of their different circumstances and challenges.

On the 17th of August 2017 the team from hos- pital including Physiotherapist and Audiologist visited the clinic on their awareness day to ex- plain their roles when one has a physical chal- lenged child.

The aim of the awareness was also to form the support group and to advise one another on what is expected of parents or guardians to im- prove development of their children.